JustTransitions

IPHEPHA LAMAQINISO LESINE 04

Imiphumela yokuguquka kwesimo sezulu kwezolimo eNingizimu Afrika nezinhlelo zokudla

Isethulo

Ezolimo eNingizimu Afrika zisengozini enkulu yokuguquka kwesimo sezulu. Zinendima ekuguqukeni kwesimo sezulu ngamagesi akhiqizwayo. Kodwa ezolimo zingaba negalelo ezixazululweni. Zingaba usizo uma kusetshenziswa izinqubo zokulima okuvumelana nemvelo.

Imiphumela eboniswe kuleli khasi lamaqiniso iyilokho okungenziwa ezweni lonke. Kodwa imiphumela ezoba khona izohlukahluka ngendawo, nokuthi abalimi basendaweni encane noma enkulu, kukhiqizwa izitshalo noma imfuyo, kuyaniselwa noma cha, kulinywa ezindaweni ezikhiqizayo noma ezingenawo umkhiqizo omuhle. Ngakho kubalulekile ukubamba iqhaza ukuhlaziya nokuthatha izinyathelo ngokubambisana.

Okulindelekile ngokuguquka kwesimo sezulu eNingizimu Afrika

Uma kucutshungulwa isimo, izindawo ezingasogwini naphakathi nezwe ngasemngceleni osempumalanga waseMpumalanga naseLimpopo zisengozini yokuhlaselwa ukuguquka kwesimo sezulu uma ziqhathaniswa nezinye izindawo. Izindawo eziphakathi nezwe, ikakhulukazi e-Highveld, azichayekile kangako (Isithombe 1).

Isimo sesomiso sizoqinisa entshonalanga nasenyakatho, kube manzi empumalanga. Izinga lamanzi nokutholakala kwawo kuzoncipha. Ukutholakala kwemvula kanye namanzi ahlanzekile kuzoshintshashintsha ngokuqhubekayo unyaka nonyaka.

Isithombe 1: Ibalazwe lezindawo ezisengcupheni eNingizimu Afrika



Umthombo: ArcGIS[1]

1. https://gisportal.saeon.ac.za/portal/apps/webappviewer/index.html?id=2d572dcf9c5f47c484540f8c934e03f4

Kuzoshisa kakhulu, ngesilinganiso esiphindeke kabili emhlabeni. Amazinga okushisa azonyuka cishe ngo-3.5°C phakathi neminyaka engu-40 elandelayo.

Kuzoba nokwanda kwesimo sezulu esibi kakhulu njengokushisa okweqile, isomiso nezikhukhula.

Imiphumela engemihle kwimvelo ihlanganisa ukuguguleka kwenhlabathi, ukusikwa kwezihlahla, isomiso esiqhubekayo, ukugwaduleka komhlaba, ukuwohlozwa komhlaba, nokuncipha kwezitshalo nezilwane.

Ukukhiqizwa ***kwemfuyo*** kuzobhekana nokwanda kwamahlathi okubi kakhulu kanye nokukhula kwezinto eziyingozi emadlelweni, izilwanyana namagciwane ayingozi amasha, ukushisa okungabekezeleleki, nokushoda kwamanzi.

Ukulimala kwamadlelo kuyinkinga enkulu ngoba amadlelo afeza umsebenzi obalulekile kwezomnotho nokunye.

- Ezomnotho – ukudla kwezilwane, inyama, izinkuni zokubasa, izitshalo zokwelapha, kanye notshani bokufulela
- Okunye – ezamasiko, ezingokomoya, kanye nezokuvakasha nokuzijabulisa

Amadlelo abaluleke kakhulu kwimvelo. Kanye namahlathi, awusizo olukhulukazi ekumunceni isikhutha ezweni. Zombili lezi zindawo zinezinhlobo zezinto eziphilayo eziningi. Amadlelo alekelela imvelo, njengokuvikelwa kwezindawo ezihlukanisa imifudlana, ukuqina komhlabathi, nokunakekeleka kwemijikelezo yemisoco esemhlabathini. Anokubaluleka nje kwawo, njengezindawo okufanele zinakekelwe.

Izitshalo

Ukuguquka kwesimo sezulu kuzothinta izivuno ezihlukahlukene ngezindlela ezingafani. Izivuno zommbila nezikakolweni zizoba nengcindezi yokukhuphuka kwamazinga okushisa nokungatholakali kwamanzi. Kuzoba nezinguquko ezindaweni zokukhiqiza zezitshalo eziningi ezihlanganisa ummbila, ukolweni, i-soya, amabele, umoba, izithelo namaveji, namasimu ezihlahla. Sekukonke, kulindeleke ukuba umkhiqizo ugxile kakhulu kokuthize, endaweni yokukhiqhiza encane enesivuno esikhulu.

Imiphumela

Ukungatholakali kwamanzi kuzonyusa isidingo sokunisela. Ukugcinwa kwamanzi kuzobaluleka kakhulu, ikakhulu ezindaweni eziswela imvula. Kungase kudingeke amadamu, kodwa lokhu kunemiphumela engemihle, okuhlanganisa ukususwa kwabantu endaweni, ukuphazamiseka kwemijikelezo yamanzi nemvelo, nokuncipha kwamanzi atholakalayo kulabo abahlala eduzane.

Ukusebenzisa izinqubo zezolimo ezivumelana nemvelo kuzodingeka, ngokwesibonelo, ukuqongelela amanzi emvula aphinde asetshenziswe, izitshalo ezibekezelela ukushisa/isomiso nezisheshayo ukuthela, ukushintsha izinqubo zokuhlakula ukuze kongiwe amanzi emhlabathini, nokuvikelwa kwamaxhaphozi.

Imiphakathi yasemaphandleni ingase isuswe uma ezolimo zokuhweba zishintsha indawo yomkhiqizo, ngaphandle uma lokhu kusingathwa kahle.

Abalimi amancane basengozini enkulu yemiphumela yokuguquka kwesimo sezulu. Abalimi bezinkampane ezinkulu zokuhweba bakwazi kangcono ukubhekana nezimo, ngenxa yezinsiza nolwazi oluningi abanalo.

Abesifazane, izingane nasebekhulile basengcupheni enkulu.

Abasebenzi basemapulazini kade babhekana nokulahlekelwa imisebenzi nezimo ezimbi kakhulu ngesikhathi nangemva kwesomiso.

Imiphumela kubasebenzi izoxhomeka ekutheni zikusiphi isigaba. Imisebenzi yezokudayisa ingase inganciphi, kodwa abakhi bemikhiqizo nezokuthutha bangase bathinteke ezigabeni ezincishiswayo.

Ukukhuliswa kwezolimo, amasimu ezihlahla nomoba ngezinga elikhulu kungaba nomphumela wokushaqwa komhlaba, ukuncipha kwezinhlobo zezinto eziphilayo kanye nemikhiqizo ye-greenhouse gas uma amadlelo noma amahlathi eshintshela ekubeni yimikhiqizo.

Imiphumela empilweni yabantu ingase ingabi mihle, ngoba kulindeleke izifo ezibangelwa amanzi angahlanzekile ngemva kwezikhukhula, izindawo ezinkulu ezithintwa yizifo zokushisa njengomalaleveva, ukushisa okungabekezeleleki ezisebenzini zasepulazini, ukuntuleka kokudla okunomsoco, nokonakala kwengqalasizinda yezempilo.

Amanani okudla azonyuka okuzokwenza ukuthi abathengi bathwale izindleko zokuguquguquka kwesimo sezulu nokuncipha kwemikhiqizo, nalapho izimakethe ezicebile ziqhudelana ngokuthenga isivuno ezingandile.

Yini **engenziwa?**

Ngamafuphi, ngempendulo enomqondo webhizinisi, ukuguquka kwesimo sezulu kungase kubangele ukungalingani kubanikazi, kumsebenzi wokukhiqiza nezingozi ezithwelwe yimiphakathi ebukelwa phansi nengavikelekile nabesifazane. Kodwa lokhu kuzoba njalo kuphela uma izinqumo zishiyelwe izimakethe nabantu abathile.

Kudingeka ushintsho olucacile nolunokucabangela lokuguqula indlela yokukhiqiza ukudla, kubhekwe izidingo zemiphakathi entulayo kuqala.

Amaphuzu asemqoka yilawa:

- Ukubeka kuqala amalungelo okuthola ukudla okunomsoco namanzi ahlanzekile
- Ukwabiwa okusheshayo kwezinsiza, okuhlanganisa umhlaba namanzi
- Izinqubo zezolimo ezivumelana nemvelo ukuze kuvikelwe futhi kulungiswe inhlabathi, amanzi kanye nezinto eziphilayo ngenkathi kukhiqizwa ukudla
- Ukwakha inqubo esebenzayo nokuyivikela kuwo wonke amazinga
- Ukuhlanganiswa kwemikhiqizo yezolimo ngabantu abaningi, ukuhlanganyelwa kwezinsiza zemvelo nokuphathwa nokuhlelwa komhlaba
- Imali eyisibonelelo kahulumeni nezinhlelo zomphakathi zokuqasha ukuze kusekelwe labo ababukelwa phansi nabangavikelekile ukuze kwakhiwe futhi kuqiniswe izindlela zokuziphilisa futhi kufukulwe umphakathi
- Ukubhekana ngqo nokunciphisa imikhiqizo yamagesi, ikakhulu ohlelweni lokuhweba ngokudla, kubekwe izinyathelo eziqondile nesikhathi sokwenza lokho. Okubaluleke kunakho konke umkhakha wezemfuyo, ugesi nezokuthutha ezinhlelweni zokukhiqiza ukudla, nokushintsha ukusebenza komhlaba (ikakhulu ukushintsha amadlelo namahlathi ukuze kuqhutshwe ezolimo).